

UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG

UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

OCTOBER / NOVEMBER 2005
OKTOBER / NOVEMBER 2005

ISIZULU ULIMI LWEBELE
IZINGA ELIPHANSI
(Iphepha Lesithathu)

ISIKHATHI: 2 amahora

IMIKLOMELO: 80

IMIYALO:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, C.
 - Esigabeni A umfundi uzokhetha isihloko esisodwa abhale ngaso indaba.
 - Esigabeni B kunemibuzo emibili umfundi uzokhetha isihloko esisodwa embuzweni ngamunye.
 - Kanti esigabeni C khona uzokhetha umbuzo owodwa vo kwemine ebuziwe.
-
-

ISIGABA A

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo, bese ubhala indaba kugcwale cishe amakhasi amabili mikithi:

STOP/YEKA
Udlame lwasekhaya
luletha usizi

- 1.1 Bhala indaba ngemizwa nemicabango elethwa yilesi siqubulo esingenhla. **[30]**

Child Grant
Imali yesondlo yezingane

- 1.2 Imali yeqolo ekhishwa nguhulumeni sengathi isisetshenziswa budlabha ngomama bezingane. Uyavuma noma uyaphika? Sekela. **[30]**
- 1.3 UHulumeni wentando yeningi. **[30]**

1.4 Bhekisisa lesi sikhangiso esingezansi. Bhala-ke indaba ngokucabangayo ngaso.

**ITSUNAMI!!
ITSUNAMI!!**
**Ingabe seziyabonakala
izinkomba zoMdali?**

[30]

1.5 Yeka! Yek'amandl'esambane.

[30]

IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]

ISIGABA B

UMBUZO 2

Kulesi sigaba phendula imibuzo emibili.

Khetha isihloko esisodwa kulezi ezilandelayo bese ubhala incwadi. Incwadi yakho oyibhalile mayigcware ikhasi elilodwa sekuhlangene nekheli:

2.1 Uthe udlula ngebhasi ndawana thile wabona isithandwa sakho siphuma emzini wompholofida owaziwayo ngeziwashi zakhe ezinamandla. Usunezinsolo ezithile ngothando lwenu. Mbhalele!

[15]

NOMA

2.2 Bhalela uMphathi-siteshi samaphoyisa endaweni yangakini. Mncome ngomsebenzi wamaphoyisa ekwehliseni izinga lobugebengu.

[15]

NOMA

UMBUZO 3

Khetha isihloko esisodwa kulezi ezilandelayo ubhale ngaso kugcware ikhasi elilodwa vo:

3.1 Umndeni womngane wakho ongasekho uyakucela ukuba ube yisikhulumi esiqavile ngosuku lomngcwabo. Akekho omunye owazi kangcono umufi ngaphandle kwakho. Bhala-ke umlando kamufi ozowethula ngalolo suku.

[15]

NOMA

3.2 Usanda kuhlala emhlanganweni wesigungu sebhangi njengonobhala omusha. Emhlanganweni lowo bekuthathwa izinqumo ezibalulekileyo mayelana nezezimali.

Bhala phansi amaminithi alowo mhlango.

[15]

UMBUZO 4

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo.

DEPARTMENT OF TRADE &
INDUSTRY

Joining hands with
UMSOBOMVU

- 4.1 UMnyango wezohwebo nezezimboni umema intsha efisa ukusungula amabhizinisi amancane, ukuze kuliwe nendlala nobuphofu. Thumela-ke lkharihulamu Vithayi (CV) yakho kulo mnyango. [15]

NOMA

- 4.2 Bhala i-e-mail uyithumele kuthisha wakho osefundisa phesheya eMelika. Mcele ukuthi nawe akuzamele ithuba lokufunda khona phesheya njengoba uphase kahle kakhulu iBanga 12. [15]
[30]

IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]

ISIGABA C UBUCIKO BOMLOMO

UMBUZO 5

Inkosi Yinkosi Ngabantu – C.T. Msimang

- 5.1 Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

ISIQESHANA A

“Ngiyezwa mngani wami, kepha ngiyesaba. Ngingamqala ngithini nje umnumzane?” kusho ikati lizilandula. “Mhlawumbe isu elingcono wukuba umbhalele incwadi. Mina ngingayithatha ngiyobanikeza ngenkathi behlezi etafuleni bedla ukudla. Yisona isithuba esihle leso abangayifunda ngaso incwadi yakho. Uma bekuphendulile, ngiyoyiletha futhi impendulo.”

- 5.1.1 Uhlobo luni lwenganekwane lolu? (1)
- 5.1.2 Sithini isihloko sale nganekwane? (1)
- 5.1.3 Ngokwazi kwakho le nganekwane, yini eyenza ukuthi incwadi ingafiki kuMnumzane. (2)
- 5.1.4 Shono ukuthi iqalwa kanjani inganekwane uma ixoxwa. (1)

- 5.1.5 Ifundisani le nganekwane? (2)
- 5.1.6 “Ngiyezwa mngani wami.” Ubani lo mngani okukhulunywa naye? (1)
- 5.1.7 Chaza lokho okuzobhalwa encwadini. (2)
- [10]**

ISIQESHANA B

Ngabe uzoziweza kanjani lezi zinto zakho emfuleni? Uhamba nembuzi; namabele; nehubesi. Ufica umfula ugcwele manje kumele uwele ngesihlenga. Inkinga wukuthi kulezi zinto zakho ungathatha kube kunye kuphela ngasikhathi sinye. Pho manje uzokuweza kanjani ukuze imbuzi ingasali idla amabele; ibhubesi lingasali lidla imbuzi na?

- 5.1.8 Ubizwa ngokuthiwani umdlalo owufunde ngenhla? (1)
- 5.1.9 Shono uhlobo lwalo mdlalo. (1)
- 5.1.10 Yini umsebenzi walo mdlalo? (1)
- 5.1.11 Ngiphe ezinye izinhlobo zalo mdlalo (zibe zine). (4)
- 5.1.12 Phendula ngokugcwele umbuzo obuzwa yilo mdlalo. (3)
- [10]**

NOMA

- 5.2 Phawula ngobunkondlo obuvezwa isilandelo esingezansi. **[20]**

Wobani labaya

Woban' labayana?
Womhlinzamfukwe.
Benzan' laphayana?
Bamb' umgubane.
Bawunikwe ubani?
Bawunikwe uDlokweni,
Dlokweni, Dlokweni!
Kwaqhwake! amakat' emsamo
Phezu kwend! engaka,
Afunan' emsamo?
Afun' isakumpuza.
Azosinikw' ubani?
Azosinikw' uDlokweni
Dlokweni, Dlokweni!

UMBUZO 6

IZINDABA EZIMFISHANE NAMA-ESEYI

Umlabalaba – O.E.H.M. Nxumalo

6.1 Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

ISIQESHANA A

Umshado usuya esigcawini manje. Abantu abawuhlanganisi umlomo ngemvunulo kamakoti nomkhwenyana. Uyise kamakoti usekhulume waqeqebula ebabaza amandla kaSomandla owenza ukuthi balalele ingane bacela ukuba kebayolunguza nje esontweni. Nangu nomfundisi usebuya koshintsha. Sengathi nokho liwumdada kakhulu ibheshu lakhe.

- 6.1.1 Sithini isihloko sale ndaba emfishane? (1)
- 6.1.2 Ibhalwe ngubani le ndaba emfishane? (1)
- 6.1.3 Shono igama nesibongo sikamakoti oshadayo. (2)
- 6.1.4 Ubani umkhwenyana oshadayo? Shono igama nesibongo sakhe. (2)
- 6.1.5 Kukuyiphi indawo lapho kushadelwa khona? (1)
- 6.1.6 Usebenzani umkhwenyana? (1)
- 6.1.7 Isiphi isifundo esitholakala kule ndatshana? (2)
- (10)

ISIQESHANA B

Ukuphuma kwesiqophamazwi kuwqalise phansi umsindo. Kube umzukuzuku umphathisihlalo ezama ukuvikela uXolani oseneshulwa ngabantu asebevuke indlobane, besho ukumudla luhlaza.

- 6.1.8 Siphuma kuphi isiqophamazwi? (1)
- 6.1.9 Ngesikabani lesi siqophamazwi? (1)
- 6.1.10 Chaza umsindo obangwa ukuphuma kwesiqophamazwi. (2)
- 6.1.11 Shono umphumela wokutholakala kwesiqophamazwi. (2)
- 6.1.12 Bamneshulelani uXolani abantu? (2)

6.1.13 Chaza izisho ezilandelayo:

- (a) Ukuvuka indlobane. (1)
 - (b) Ukudla luhlaza. (1)
- (10)**

NOMA

6.2 Xoxa ngemveb yobungane ubhekise kule eseyi ethi:

UBUNGANE (20)

IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]

IMIKLOMELO ISIYONKE: 80